ISIBUKOSEZWE

Litholakala nyanga zonke • Thola izindaba zansuku zonke ku-www.isibukosezwe.com MAHHALA • 30 kuLwezi 2026

Uyaqhubeka oweSantaco ngokuxhaswa wuhulumeni

Nash Ngcobo

ISOUTH African National Taxi Council (Santaco) ekhombisa ukukhula ngesikhulu isivinini ekugcinweni kokuthula nobunye embonini yamatekisi, isaqhubeka nokunxenxa uxhaso lukahulumeni alwabela izinhlaka zezokuthutha ezweni.

Le mboni okuyiyona kuphela elawulwa ngabamnyama ike yasibekelwa yifu lobumnyama obuhambisana nezimpi okulahleke kuzo imiphefumulo, ayiphelile amandla ngokuthi ibalwe nalezo ezenza kahle.

Lokhu izokwenza ngokuqinisa ubudlelwano enabo nohulumeni selokhu kwaqalwa uhlelo lokuqedwa kwamatekisi amadala kufakwe olusha (Taxi Recapitalisation Transport) bese kulandela izinhlelo ezizonika le mboni esinye isithunzi.

> *“Sizoqala nohlelo lokuhlola umshayeli ukuthi usebenzise uphuzo oludakayo olungakanani ngaphambi kokuthinta imoto”*

Lezi zindaba ziqinisekiswe yiPhini likaMengameli weSantaco uMnuz Bhoyi Zondi obale ukuthi uhlelo lokuqedwa kwamatekisi (scrapping) amadala luzobuyekezwa ukuze abanikazi bahlomule kangconywana kunaphambilini.

Uthe okunye okuzokwenzeka wukutholakala kwezimvume zokuthutha oluzobizwa nge-Electronic Permit System ukuze kuphele ukunqwabelana kwezicelo emnyangweni wezokuthutha nokusekudale enkulu ingxabano phakathi kosomatekisi nezisebenzi zomnyango wezokuthutha.

“Sihlongoza nohlelo lokuxhaswa kwezimoto ezithutha emakhaya nolwalezo ezisebenzela emadolobheni, ukuqonda kabanzi ngobunikazi betekisi nemvelaphi yomshayeli wayo.

“Sizoqala nohlelo lokuhlola umshayeli ukuthi usebenzise uphuzo oludakayo olungakanani ngaphambi kokuyithinta imoto.

“Lokhu kuzokwelanywa wukufakwa kwe-camera etekisini ezokhombisa ukuthi uhamba ngesivinini esingakanani kanjalo nokuziphatha kwakhe kubagibeli,” kusho uMnuz Zondi.

Okunye akugcizelelile wuhlelo lokuqedwa kokuphathwa kwemali ngabashayeli njengoba abagibeli sebezokhokha ngohlobo lwamakhadi abasanezingxoxo namabhange abazosebenzisana nawo kumbe uhlobo oluthile lwe-app.

Lokhu uthe kuzosebenza nasezindaweni okukhandwa kuzo izimoto, kuhlolwe konke ukukulungela kwayo ukuba semgwqweni kanjalo noma sekufike isikhathi sokuyoyinika amandla amasha (servicing).

Ukhuluma kanje uNondaba sekunamatekisi ano-Wi-fi owusizo olukhulu kubagibeli ukuze baxhumane nalabo ababahambelayo noma beya emsebenzini.

Ezinye izinto le mboni athe isizixazululile izinkinga ezike zayikhungatha wuhlelo lokuthuthwa kwezingane zesikole obelwaziwa ngo-malume, olwe-e-hailing kuvale ama-metred taxis.

Muva nje uMasipala weTheku usuqalile ngohlelo lwamabhasi eGo! Durban alusebenza ngokuhlanganyela neSantaco asebenzela eDurban West naKwaMashu okulindeleke luqale ukusebenza ngoZibandlela (December).



UMNUZ Bhoyi Zondi usihlalo weSantaco KwaZulu-Natal emukelisa ngesitifiketi uNgqongqoshe wezokuThutha uMnuz Siboniso Duma noMengameli weSantaco uMnuz Mothlabane Tsebe



IQEMBU Umkhumbane Jazz Ensemble ebelinandisa emcimbini iSantaco ebigubha kuwo iminyaka engama-25 yasungulwa.

Asimile siyaqhuba eThekwini

Nash Ngcobo

IHHOVISI elibhekele ukuthuthukiswa kwentsha (youth development) elingaphansi kweMayor's Parlour kuMasipala weTheku, liyaqhubeka nokuzibophezela ekulekeleleni izingane ekubeni ngabaholi abaqothi bakusasa.

Njengengxenye yohlelo lokubuyisela emphakathini oluqale eminyakeni emihlanu eyedlule olwaziwsa ngokuthi "Asimile Siyaqhuba" olubhekene ngqo nezimo ezinzima zempilo yomfundi.

Ngalo luhlelo iTheku liveza amathuba okuthuthukisa intsha emikhakheni eyahlukene yezemfundo ngokuthi lulekelele ngosizo lwezimali nangezinsiza kufunda okunhlobonhlobo.

KunohIelo olubizwa ngeBack To School oselusize izingane ezingaphezulu kwe-1500 eziqhamuka ezikoleni ezingama-30 esezithole ukuxhaswa kwezemfundo ngezindlela ezahlukene.

Lokhu kwenzeka ngokuthi zinikezwe izinsiza kufunda, okokubhala, okokugqoka,okwasezindlini zangasese nalokho okudingwa ngamantombazane asengena ebuntombini.

Kukhona nohlelo olubizwa ngeStudent Relief Fund lokulekelela ngezimali kulabo ababhekene nobunzma bokutholakala kosizo lwezimali.

Njengamanje sekufakwe isamba sika-R1.3 million esabelweni sonyaka wezimali zango-2025/26 soMkhandlu weTheku ukuhlangabezana nalezi zidingo zentsha.

Konke lokhu kukhombise ukuqhubeka kweTheku ekususeni imigoqo evimba ukutholakala kwemfundo ezinganeni ukuze zibe ngabantu abanekusasa eliqhakazile emikhakheni eyahlukene.

Press Council FAIR

AIP ASSOCIATION OF INDEPENDENT PUBLISHERS

Asincome, sigxeke lapho kudingeka khona. Abadinga ukukhalinywa uma sebephuma emgqeni, akube njalo.
Uthini owakho umbono? Sibhalele kule likheli noma uxhumane nathi kwezokuxhumana.
Sitholakala ku_35 Maurice Nichols Road Hatton Estate Pinetown 3610.
Email:johnngcobo1192@gmail.com
083 301 0869 phone and whatsapp. Facebook John Ngcobo.

I-ANCYL ixolisela iqembu elikhulu ngokungenzi kahle

Nash Ngcobo

PHEZU kokuba i-African National Congress (ANC) isiphenduke iqaqa kulabo abayinike amandla uphiko lwayo oluyi-African National Congress Youth League (ANCYL) luyicelela uxolo kubalandeli nakulabo elibaphoxile abayifake emandleni.

I-ANCYL isiphumele obala yaxolisa ezweni lonkana ngokungenzi kahle kwabaholi bayo okuholele ekwehleni kokwethenjwa kulandela inkohlakalo edla lubi kuzo zonke zinhlaka zobuholi ze-ANC.

Lokhu kuphakanyiswe yiPhini likaNobhala we-ANCYL uZama Khanyase onxuse zonke izinhlaka zentsha ngokusukuma zizithathe, zitshele ubuholi obuphezulu ngokushintsha ukwenza bese inhlangano izalwa kabusha.

"Siyaxolisa kubavoti namalunga ethu esiwenzele phansi ngezindlela ezahlukene siyi-ANC.

Zonke zinhlaka zale nhlangano kuzofanele zizinuke amakhwapha, zisolane ngakho konke okwehlise isithunzi nokwethenjwa kwayo.

"Bonke abantu esibathumele ukusebenzela umphakathi ngokubathemba, kodwa benza abangakuthunywanga sizobajezisa ngokubakhipha. Sekuyisikhathi sokunikwa kwentsha ithuba njengoba kuyiyona engabaholi bakusasa bezwe," kusho uKhanyase.

Uqhubeke ngokuthi inkohlakalo nokungasetshenzelwa kwenqubekela phambili kwabantu abasemazingeni aphansi okwayisiqubulo se-ANC sekufana nephupho, inhlangano igcwele



UMENGAMELI we_ANC neZwe uMnuz Cyril Ramaphosa okufanele aqinise isandla kwizephulamthetho zonkana

ohlohlesakhe abangenanembeza futhi abadelelayo.

Uthe umkhuba wokungahlonishwa komsebenzi nomphakathi nokungajeziswa kwalabo abasekhaleni lalokho, yikona okuyehlisele ukuthandwa nezibalo zabavoti. Konke kuzophela nya ngaphansi kobuholi bentsha.

Lokhu phambilini kuphoqe uDkt Mavuso Msimang ilungu le-ANC Veterans League elaqoma ukwesula kwi-ANC ngoba ingaseyona inhlangano ehola umphakathi ngobuqotho.

Nakuba agcine ebuyile kodwa abukho ubungcono ezintweni ayekhala ngazo nokufakazelwe wukwehla kwesibalo sokwethenjwa kweqembu ngabavoti.

UDkt Msimang ukhala ngabantu abenza inkohlakalo ezikhundleni abanikezwe zona



UNKS Zama Sokhanyase oxolisela i-ANC maqede wamemezela izinguquko kulona.

yi-ANC, okuyinto ephambene nemigomo yobuntu bonkana.

Uthi okubi kakhulu i-ANC ayibajezisi abenzi balokhu nokuyikona osekwehlise ukuthandwa nokwethenjwa kwayo.

Kufika lesi simo nje kusalindelwe iziphumo zeMadlanga Commission okulindeleke iphothulwe ngasekuqaleni konyaka ozayo nokuyilapho kuyoqhuma nhlamvana ezinye zifekele.

Lokhu kufakazelwa wukuthi zonke izindawo eziphethwe yile liqembu seziphenduke kwampunzi edla emini, abantu bayehluleka ukuphatha nokuhlonipha umsebenzi.

Abanye sebelibeka ngembaba elokuthi kwakungcono kusaphethe abamhlophe, bayazi-



UNOBHALA Jikelele we-ANC uMnuz Fikile Mbalula.

ke ababekhona ngaleso sikhathi ukuthi kwakunjani.

Intando yeningi isiyenze abantu badelela, benza okuningi okuphambene nomthetho wezwe. Muva nje isidale ukuqhibukisa okwamakhowe kwezinhlangano zombusazwe, isizathu sakho esisafakazela ukwanda kohlohla esakhe.

I-ANC kufanele ihloniphe futhi isebenzele bonke abantu abayinike amandla ngeqiniso. Uma ingakwenzi lokho, kusekuncane okuyehlele, okulandelayo wukushabalala kwayo kuhle okwelanga libona amazolo.

Okokugcina kufanele ikhumbule ukuthi lezi zinhlangano eziningi kangaka zepolitiki zidalwe wubudedengu nokuchwensela kwayo abantu abayisola ngokuphuma emgqeni.

Ayizibuzi ngani ngenhloso yokusungulwa kwalamaqembu nokuxhaswa kwawo ukuthi kuhlosweni ngakho?

Izikole zaseThekwini zihlukaniselene uR100 000 kokagesi

Nash Ngcobo

UMKHANKASO kaMasipala weTheku wokongiwa nokusetshenziswa kwamandla nemvelo sekuhlomulise izikole ezintathu ngesamba sikaR100 000 sokuthenga izinsiza zikagesi ezinhlobonhlobo.

Lokhu kwenzeke emva kokungenela kwalezi zikole lo mncintiswano obizwa eThekwini Municipality's 2026/2027 Energy Efficiency Schools Competition, ezimenyezelwe emcimbini obuseBotanic Gardens eThekwini.

Isikole esiphume phambili kube yiSunford Primary ephinde yanqoba ngokudweba umfanekiso (poster) ocacisa izindlela zokusetshenziswa nokongiwa kukagesi maqede saklonyeliswa ngo-R50 000.

Isibili sithathwe i-Elangabini Primary yaselokishini iMpumalanga eHammarsdale esihlomule ngo-R30 000, kwavala iSt Theresa RC Primary eklonyeliswe ngoR20 000 yona ebifundisa ngezinto ezisebenza ngogesi ngemidlalo yeshashalazi.

Lo mqhudelwano obuvulelekele ezinganeni zebanga (Grade 5 -7) ngaphansi kwesiqubulo esithi: "Saving



INJABULO ibibhalwe ebusweni bezingane nothisha base-Elangabini Primary School yaseHammarsdale elale isibili yahlomula ngoR30 000 okuzothengwa ngawo izinto zikagesi.

Energy Today for Sustainable Tomorrow" ukuthi zikhombise izindlela zokongiwa kukagesi.

Lokhu kuwuhlelo lweTheku olubizwa nge-City Energy Efficiency And Climate Change Mitigation Programme okuhloswe ngalo ukuqhakanjiswa ukuhlinzekelwa ukushintsha kokuziphatha entsheni.

Lezi zikole zizosebenzisa lemali ukuqhubeka nezinhlelo zokunciphisa zibuye zigqugquzele izinhlelo zokonga imvelo.

UMnuz Ntsikelelo Mkhithiza egameni leDurban Energy Efficiency uthe ukuhlinzeka izingane ngalo lulwazi, yiyona ndlela entsha yokwamukela uguquko lwezinto eNingizimu Afrika.

Idolobha iTheku libongele zonke izikole ebezingenele lo mncintiswano lazigqugquzela ngokuqhubeka nokuqhakambisa ukongiwa kukagesi nemvelo yonkana emiphakathini yazo.

ETHEKWINI MUNICIPALITY
ITheku talks
KEEPING YOU IN THE KNOW
NGO-2030 ITHEKU LIYOBE LINGU NGQA PHAMBILI

Amakhaya amasha abuyise isithunzi

SANDILE QWABE NOS-ILINDILE CELE

BEBEJABULE ngendlela emangalisayo abahlomuli ngesikhathi iMeya yeTheku, uKhansela uCyril Xaba, enikezela ngamatayitela awu-588 nangezindlu ezintathu ezintsha ezisanda kwakhiwa. Kulaba bahlomuli bekukhona nesakhamuzi esikhulile, uLevina Qwabe, oneminyaka ewu-107 ubudala waseMount Royal, naye othole ubunikazi obugcwele bendlu yakhe.

Ngemuva kokunikezelwa kwamatayitela eMount Royal, iMeya uXaba iqhubekele KwaMashu ukuyonikezela ngezindlu ezintathu ezintsha ezisanda kwakhiwa, ngaphansi kohlelo iR293 lokwakhiwa kwezindlu, emindenini emithathu. Lolu hlelo luyingxenye yezinhlelo zokwakhiwa kwamadolobha nezokuthuthukiswa kwengqalasizinda.

Lolu suku luphethe ngomhlangano womphakathi obubanjelwe enkundleni yezemidlalo yaKwaMashu ka-C, lapho amalungu omphakathi abe nethuba lokuxoxa neMeya nelokuthola amatayitela ezindlu.



IMeya yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, ibuyisele isithunzi semindeni eminingi eMount Royal, KwaMashu, eNtuzuma naseQuarry Heights nge-sikhathi inikezela ngamatayitela awu-588 nangezindlu ezintathu kulabo abahlomulile. Isithombe: ENOS MHLONGO

Enkulumweni yakhe, uMeya uXaba ugcizelele ukubaluleka kokunikezelwa kwamatayitela ukuze kuqinisekiswe ukuthi izakhamizi zinobunikazi obuphelele bezindlu zazo. Njengengxenye yalolu hlelo, kunikezelwe ngamatayitela awu-588 kulabo abahlomuele ezinhlelweni zezindlu zaseMount Royal, eNtuzuma, eQuarry Heights, naKwaMashu.

IMeya uXaba ithe: “Ngokunikeza imiphakathi amatayitela, sibuyisela isithunzi emindenini ebihlezi dengwane isikhathi eside. Labo abathola lawa matayitela bazodlulisela ubunikazi balezi zakhiwo ezizukulwaneni ezizayo.”

Uphinde wanxusa amalungu omphakathi ukuthi avikele ingqalasizinda kaMasipala ukuqinisekisa ukuthi ukuhanjiswa kwezidingo akuphazamiseki, okuzophinde kwenze ukuthi uMasipala uqhubeke nokuheha utshalomali.

Kulungiswa ingqalasizinda yeziteshi zokumpompa amanzi

SIPHELELE BUTHELEZI

INKULU inqubekelaphambili eyenziwa wuPhiko lwezaManzi neNhlanzeko ngokuthuthukiswa kweziteshi zokumpompa amanzi ezibalulekile ngenhloso yokukhulisa indlela okuhlinzekwa ngayo imiphakathi enenkinga yokushoda kwamanzi.

Le misebenzi iyingxenye yemizamo kaMasipala eqhubekayo yokubhekana nezinselelo zokuhlinzekwa kwamanzi eziphathelene nengqalasizinda ube usabela esidingweni samanzi esikhulayo eThekwini.

Le misebenzi yokuthuthukisa iziteshi zokumpompa amanzi okuyiMountview neTrenance 1 Reservior, kanjalo neGrange Water, kuhloswe ngayo ukuthuthukisa indlela yokusebenza kwengqalasizinda esindala, ukunciphisa ukuphazamiseka komsebenzi, nokuqinisa ukusebenza kwengqalasizinda yamanzi ngokwethembeka.

Esiteshini sokumpompa amanzi iMountview Reservior, kufakwe imishini emisha yokumpompa amanzi, izinhlelo ezisebenza ngogesi, nezinhlelo zokulawula ukusebenza, konke lokhu sekuqalile kuyasebenza. Umsebenzi oncomekayo uhlanganisa ukufakwa kohlelo lokufudumalisa, lokungenisa umoya, nelokupholisa, nezinye izinhlelo ezibalulekile.

ETrenance 1 Reserviour Pumpstation, imishini edingekayo isithengiwe futhi yakhiwa. Khonamanjalo, ukuthuthukiswa kweGrange Water Pumpstation kuzobiza ukufakwa kwemishini emisha esikhundleni semidala, nezinhlelo zikagesi, nezokulawula eseziphelelwe yisikhathi.

OnguMphathi oMkhulu weMisebenzi yeMishini nekaGesi, uLinda Mntambo, uchaze lezi zinhlelo njengesinyathelo esibalulekile sokwenza ingqalasizinda yokuhlinzeka ngamanzi isebenze kangconywana.

“Sisebenzela ukuqinisekisa ukuthi iziteshi zethu zokumpompa amanzi zinamandla enele okubhekana nezidingo zokusebenza nokusekela isidingo esikhulayo samanzi. Sizibophezele ekuqiniseni uhlelo nasekuthuthukiseni ukuhanjiswa kwezidingo,” kusho yena.

Uqhube wathi: “Lo msebenzi uhlanganisa ukufaka amaphampu amasha, ama-motor, amapayipi, izinhlelo zikagesi nezilawuli zesimanje ukuze kuthuthukiswe ukuthembeka kokusebenza nendlela yokuqapha.”



Ziyaqhubeka izinhlelo zokuthuthukiswa kwengqalasizinda yamanzi ebalulekile kuMasipala. Isithombe: SITHUNYELWE

Le misebenzi kuhloswe ngayo ukuqinisa ukusebenza kwengqalasizinda yokuphakelwa kwamanzi nokuthuthukisa ikhono likaMasipala lokugcina imishini kube futhi kuncishiswa ukuphazamiseka kwezinsiza.

IZINGA LOKUPHEPHA
KWAMANZI EMABHISHI
SKENA LAPHA
UTHOLE IMIPHUMELA YAKAMUVA YEZINGA LOKUHLANZEKA KWAMANZI EMABHISHI.
VAKASHELA KU-www.durban.gov.za
NOMA BHEKA IMIPHUMELA YOKUHLOLWA KWAMANZI OQWEMBENI LWEZAZISO EMABHISHI.



OMPETHA beCosafa 2026 U/20 Amajita asebengene kwi-Afcon U/20 abakusheba namalungiselelo okuya kuma-Olympics ka-2028 azodlalelwa eLos Angeles e-United States of America.

ISafa mayibekele ikusasa lawesizwe ngoMdaka

Nash Ngcobo

UMENGAMELI ophumayo weSouth African Football Association (Safa) uDkt Danny Jordaan nobuholi bale nhlangano kuzofanele benze ubulungiswa, bube neqiniso ekwesekeni nasekuthuthukisweni komqeqeshi weqembu lika-U/20 no-U/23 uRaymond Mdaka.

Kulezi zidingo kubalwa ithimba labalekeleli bakhe nezimenenja zawo womabili lamaqembu bese esekwa ngemidlalo yokuhlwaya nokucijwa kwamakhono abadlali ngokuhambela kuzo zonke izifundazwe zaseNingizimu Afrika.

Akugcini lapho kuzofanele kube nethimba elizohambela bonke abadlali abadlala emazweni aphesheya kwezilwandle nokulandelela zonke izimo abadlala futhi baphile ngaphansi kwazo emaqenjini abakuwona.

Lokhu iSafa kuzoyibeka esimweni seminyaka yowe-1995 kuya kowezi-2000 eyadlala kuwo okokuqala kuma-Olympics ayeseSydney e-Australia, okuzofanele yenze konke okusemandleni ayo ukufinyelela



URAYMOND Mdaka umqeqeshi weqembu likazwelonke lika-U/20 no-U/23 okufanele iSafa imbhekelele ngeholo elimfanele bese izibekela ikusasa eliqhakazile kuyena nabasizi bakhe.

kuleso simo noma yenze ngaphezulu kwaso.

Njengamanje iqembu lika-U/23 linukelwa yindlela ebheke kuma-Olympics 2028 aseLos Angeles e-United States of America. Le ndlela izoqala ngokunqoba noma ukulala isibili eqoqweni elizodlala kuyo kwi-Afcon 2027 ese-Egypt.

Lokhu kuzoba okokuqala ukudlala kuma-Olympics njengoba lagcina ukubonakala kuyo eTokyo ngowe-2020. Konke lokhu kulele ekunqobeni noma ekulaleni isibili eqoqweni le-Afcon 2027.

Uhambo lukaMdaka nalaba badlali luqale eminyakeni emine eyedlule njengoba enqobe nabo iCosafa U/20 ka-2025 laze lafinyelela kwiNdebe yoMhlaba kanti likuphindile ngalo nyaka ngokuvikela isicoco sanyakenye.

Lesi sikhathi asihlale nalaba badlali uMdaka, asibanga yinto elula ezingqinambeni abehlangabezana nazo, kodwa imiphumela iba mihle sengathi akwenzekanga lutho uma esesenkundleni.

Konke lokhu uMdaka ukwenza ngokubambisana nesekela lakhe uKabelo Mogudi, ababeka phambili kukho ukusebenza kanzima nokusebenzisa lonke uhlobo lwamava okuqeqesha abanawo.

Akekho umqeqeshi osake wasebenza njengoMdaka kulezi zikwata ngonyaka owodwa, yingakho kufanele ashayelwe elikhulu ihlombe ngokuwabeka kula mazinga lamaqembu njengokunqoba indebe yeCosafa okwesithathu iminyaka ilandelana.

Kulo nyaka iCosafa U/20 ibidlalelwa eMozambique kanti lokhu kunqoba kuyibeke ethubeni lokungena kwi-Afcon U/20 ezodlalwa ngonyaka ozayo.

Uma uMdaka ekwazi ukugcoba uwoyela ngalo luhlobo emaqenjini amancane esizwe, abadlali bawo abagcina sebefinyelele eqenjini elikhulu, iSafa kuyoba ayiyilahli imali yabakhokhi bentela uma imholela njengalaba abasemaqenjini amakhulu.

Lo msebenzi akuwona okaMdaka kodwa ngoweNingizimu Afrika ekhombise ukukukhathalela ukukhuliswa kwabadlali bala maqembu esizwe.

Ngokukhokhelwa ngendlela akhiqiza ngayo uMdaka, ngeke kumshintshe izinga le mpilo ayiphilayo njengoba engumuntu waphansi. Ikusasa eliqhakazile leSafa lisezandleni zalo mqeqeshi, yingakho kufanele imphathise okwezikhali zamaNtungwa.

Kugqame uBooth noMagcaba kwezeMvelo Productions

Nash Ngcobo

USHESHE wafika uKhisimusi kubathandi nabalandeli besibhakela ngenkathi bebhema bekholwa ngaphansi kwesiqubulo i-Fill Up The City Hall ezimpini ebezihlelwe yiMvelo Productions eCity Hall eMgungundlovu muva nje.

Kulezi zimpi okudala zalindelwa kugqame eyesicoco sikazwelonke seJunior Middleweight kwabesifazane ebiphakathi kukaNobengazi Booth waseMooi River KwaZulu-Natal noNomandithini Ndyambo waKuGompo e-Eastern Cape.

Omunye umhlabahloso wempi bekungeyesicoco seJunior Bantamweight saKwaZulu-Natal obekuhlephulana kuyo uNtethelelo Magcaba noGcina Makhoba obekungeyemizuliswano eyi-10.

UBooth ongumpetha walesi



UNOBENGAZI Booth ophahlwe nguNgqongqoshe wezeMidlalo, ubuCiko namaSiko KwaZulu-Natal uMntomuhle Khawula neNhloko yoMnyango uDkt Thobile Sifunda.

sicoco, usivikele ngomcacamezelo womlalisa phansi ngomzuzu wesine kwaba wukunqoba kwakhe okwesi-7, ezinhlanu zazo ngezomngqimuzo womlalisa phansi, wehlulwa kwezintathu.

UNdyambo onezimpi eziyi-16 unqobe kweziyi-8 wehlulwa kweziyi-7, wazolwa kweyodwa ngokulingana.

Empini ebiyeseka ekaBooth noNdyambo, uNonkululeko Mncube uvikele isicoco saKwaZulu-Natal seJunior Bantamweight kuBabalwa Nonqonqotho ngomzuliswano womlalisa phansi emzuliswaneni wesine. UMncube ubesesivikela okwesine lesi sicoco kuNonqonqotho.

UMagcaba obengamnike thuba uMakhoba unqobe ngomngqimuzo womlalisa phansi ngomzuliswano wesine, wasithatha kanjalo lesi sicoco ebesingaphethwe ngumuntu.Eminye imiphumela ihambe kanje:

KwiJunior Lightweight uMenzi Hlongwa obelwa okokuqala wehlule uSiyanda Mnyandu ngomngqimuzo womlalisa phansi emzuliswaneni wokuqala.

KwiMiddleweight uFundani Tyson uzidlele amahlanga kuTrinity Mhlongo awunqobe ngomgqimuzo emzuliswaneni wokuqala.

KwiJunior Flyweight uLusanda Cele wehlulwe ngamaphuzu ngu-Ian Stuart naye obelwa okokuqala.

KwiFlyweight uBongani Hlangwini unqobe uSamkelo Ngwnya ngamaphuzu. Zonke lezi zimpi bekungezemizuliswano emine.

UMokwana usesemabhukwini eKaizer Chiefs

Nash Ngcobo

UBUKHALI bommese weKaizer Chiefs ekusayiniseni abadlali abangenazibophezelo namaqembu buphinde babonakala ngenkathi isayinisa umdlali oke wagijima kwiBafana Bafana u-Elias Mokwana ngoLwezi 4 (November).

Lo lusuku olubalulekile ebuholini bezohulumeni basekhaya eNingizimu Afrika lube yisibusiso esikhulu eqenjini likaShintsha Guluva njengoba liqhubekile nokufaka emabhukwini alo lo mdlali osezingeni lomhlaba ngaphandle kokukhokha kakhulu.

Njengamanje iChiefs ibukeka isefomini enhle kodwa inhlanhla yokunqoba izicoco isalokhu igqoza kule liqembu elibalwa namakhulu eNingizimu Afrika.

UMokwana ujoyina iChiefs nje usanda kuphelelwa yinkontileka ne-Esperance Sportive de Tunis yaseTunisia ebimtshelekise kwi-Al Hazem yaseSaudi Arabia ngesizini eyedlule.

Lo mdlali wasesiFundazweni iMpumalanga ukhombise ikhono likanobhutshuzwayo kwiSekhukhune United kulindeleke alethe uzinzo nokucija kubadlali abagijima ezinhlangothini zeChiefs.



U-ELIAS Mokwana umdlali ovezwe yiSekhukhune United usesayinile kwiKaizer Chiefs emva kokwehlukana ne-Esperance Sportive de Tunis.

UMokwana ubeseqenjini leBafana Bafana ebelikwiNdebe yoMhlaba 2026 kanti ukugijima eziMpofaneni ngendlela egculisayo, akugeji umqeqeshi uPitso Mosimane ngeke amzibe.

Ubukhali bukaMokwana ezinhlangothini buzoqinisa ukucija kwabadlali beChiefs iningi labo elibukeka lisengamakluma kulokhu okufuneka kule liqembu, okuwukushaya amagoli bese kunqotshwa izicoco.

Lo mdlali ufike eNaturena nje, bekulindeleke ukuphothulwa kwezingxoxo zokuqeqesha iChiefs noManqoba Mngqithi naye osanda kwehlukana neYoung African yaseTanzania.

Ngaphambi kokulibhekisa kukaMngqithi eTanzania, imvunge yokujoyina iziMpofana ibilokhu izwakala kodwa yaphelela obala. Muva nje uMngqithi uthi akukho okusha asakukhulume neChiefs.

Ucela kuhlonishwe umsebenzi omuhle owenziwa wumqeqeshi okhona eqenjini.

Kufika lezi zindaba nje, umqeqeshi weChiefs uFernando da Cruz usenethemba elikhulu lokuguquka kwesimo esibukeka silibhimbela le liqembu.

Okufakazela ithemba kuDa Cruz wukusekelwa akunikwa wuKaizer Motaung Jnr oyiSporting Director kwiChiefs, ozwakalise ukungayingeni ekaMngqithi kodwa esingeke sime ngomlenze owodwa ngayo.